UNIVERSITY OF KWAZULU-NATAL
INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

ISIKOLE SOBUNJINIYELA
ISIBOPHEZELO KWEZEMPILO NOKUPHEPHA

Mina, _____ (bhala igama lakho ngokugcwele),

Inombolo Yakho Yokuba Umfundi/ Umsebenzi (noma Isivakashi) : _____ , Ngiyavuma lapha ukuthi imiyalelo nemigomo ebhalwe lapha ngezansi ngiyifundile futhi ngayiqonda nanokuthi ngiyazibophezela ukuthi ngizoyilandela ngokugcwele ukugqugquzela indlela yokusebenza enempilo futhi enokuphepha.

1. Ngizoyilandela yonke imithetho ephathelene neLabhorethri, iShabhu noma yendawo lapho ngisebenzela khona;
2. Ngizothobela noma yimiphi imiyalelo esemthethweni futhi eqondakalayo engizoyinikezwa ngabaphathi uma ngisebenzela eLabhorethri, eShabhu noma kwenye indawo;
3. **Ngeke** ngixakazise noma ngithinte imishini noma izinto zokusebenza engingagunyaziwe noma engingaqeqeshiwe ngokusemthethweni ukuba ngizisebenzise;
4. **Ngeke** ngisebenzise imishini, noma izinto zokusebenza ngendlela engadala ingozi, ukulimala noma ukufa, ukubulala abanye noma impahla yeNyuvesi;
5. Ngeke ngivumele umuntu ongagunyaziwe ukuba asebenzise imishini Kanye nezinto zokusebenza esikhundleni sami. (Qaphela: Igama elithi 'abasebenzi' lapha ngenhla lisetshenziswe lafaka Phakathi abafundi nezivakashi.

Okucashunwe KUMTHETHO WEZEMPILO NOKUPHEPHA EMSEBENZINI (umthetho wama-85 wangonyaka we-1993) :

14. IMISEBENZI EJYWAYELEKILE YABASEBENZI:

Wonke umsebenzi emsebenzini -

(f) Uyozinakekela yena nabanye asebenza nabo abangathinteka yizenzo zakhe ngokwezempilo nokuphepha;

(g) Uyobambisana nomqashi noma ubani omunye ogunyaziwe yilo mthetho ukuze kufezwe lokho okudingekayo ngokwalo mthetho;

(h) Uyolandela imiyalelo esemthethweni athobele imithetho nezinqubo zezempilo nokuphepha ezibekwe umqashi nanoma ubani omunye ogunyazwe umqashi;

(i) Uma ebona kunesimo esingaphephile noma esinobungozi uyosibika ngokushesha kumqashi wakhe noma kobhekene nezempilo nokuphepha emsebenzini yena ozoyidlulisela kumqashi;

futhi

(j) Uma ebandakanyeka kunoma yiyiphi ingozi engamphazamisa ngokwempilo noma ezilimazile, kuyomele abike leso sehlakalo kumqashi wakhe noma kulowo ogunyazwe ngumqashi, noma yilowo obhekene nezempilo nokuphepha kungakapheli isikhathi sokusebenza okwenzeke ngaso isehlakalo uma kwenzeka sidlula isikhathi leso sokusebenza kungabikiwe ngenxa yesimo, sekungabikwa ngokushesha uma kuvela ithuba.

15. IZINTO OKUNGAMELE ZIPHAZANYISWE NOMA ZIXHASHAZWE

Akukho muntu oyophazamisa, alimaze noma axhaphaze ngenhloso noma ngokubabudedengu konke okukhona kokubhekana nezempilo nokuphepha..

Ukusayina: _____ Usuku:_____

Leli fomu kufanele ligcwaliswe minyaka yonke yiwo wonke umfundi noma isivakashi esizosebenza eLabhorethri, eShabhu noma kuyiphi nje indawo ehambisana nezifundo zaso, amaphrojekthi noma esenza ucwaningo eNyuvesi yakwaZulu-Natali. La mafomu kumele agcinwe isikhathi esiyiminyaka emi-5. (Ngokomyalelo weDini, KuNhlolanja wangonyaka wezi-2012)